I am not making MaZondi the Speaker. Mr Speaker the eThekweni Municipality must be forced to act on the reasonable demands of the starving vendors. If this government is serious in its preferred commitment to fighting unemployment and crime then street vendors must be supported, for they are putting into practice self-help and self-reliance. The two noble principles purified in the fairness of experience. **Ngiyethemba uzwile** MaZondi go and tell uMchunu to do the right thing.

Thank you Macingwane.

**THE SPEAKER:** Kube inhlanhla nje hon member Mcoyi ukuthi uMaZondi obumumemeza ukuthi akakhulume akakhulumanga kuze kuzwakale kakhulu ngoba bengiyolibuyisela kuwena icala ukuthi wasukela enye i-member nje wathi ayibange umsindo. Asiqhubekeni-ke siqhubekele kowokugcina ozo dibhetha luleli phuzu bese sidedela uBaba uMsomi alivale. Owokugcina ozodibhetha kuleli phuzu hon Acting Premier.

**DR Z L MKHIZE (MEC for Finance and Economic Development):** **Ngiyabonga Somlomo.**Ngiyafisa ukuqale ngibonge uNomndayi ngoba lolu daba olulethe lapha Nomndayi wenze kahle ukuthi ululethe luzoxoxwa udaba lokuxoxwa lolu.Ungaboni nje Somlomo ngoba la eNdlini yakho umdlandla uthathe unyuke kuthi abantu bevumelana uze ugcine ucabanga ukuthi bayaxabana kanti bakhuluma into eyodwa. Ngiyabezwa mina ngilalele nje ukuthi cha kukhulunywa into eyodwa la manje-ke into enhle ukuthi isikhathazile sonke lendaba yabahwebi basemgwaqeni.

Ngendlela izinto esike sazibona zenzeka ngayo kanti uhlelo lomsebenzi olunamandla uma belinganisa bake bathi la e-Afrika I informal trading in some countries is up to 80%

of the business activity. Inkulu nala kodwa laphaya kuleya ndawo yase Warwick Junction abazi izinamba bathi ilanga lilinye kudlula abantu abantu abangu 500 000 abehla benyuka laphaya. Okukhombisa ukuthi indawo ngempela efanele ukuthi kwaziwe ukuthi iyona ndawo yokuhweba ngoba abantu baningi kakhulu kuyona. Okukhulu ukuthi-ke njengoba amalungu esho uhlelo lolu lokuhweba laphaya emgwaqeni lungcono kakhulu ngoba akubona abantu laba abasuke bezele ubugebengu basuke beze ngoba bezosebenza ukuze bathole imali yokuziphilisa.

Ngibagqugquzela kakhulu nami ukuthi cha iyona ndlela yokuphila le okunokuthi umuntu ebe esethi ngangihlupheka ngase ngiyatshontsha. Uyabonake abantu abanengi abaphakathi abantu bomdabu kakhulukazi amakhosikazi kodwa nje umdabu kakhulukazi wase Africa abawu 90% bese kuthi abawumdabu base Ndiya bawu 9% mhlampe-ke kungaba u 1% kubeLungu kodwa uhlelo lomsebenzi lolu oluxube bonke abantu ngendlela oluyiyona. Inkinga engicabanga kodwa ukuthi ike yavela la evelele idolobha lase Thekwini ukuthi abantu beze ngokwanda kakhulu bazofika endaweni kanti manje ayikho indlela yokuhlelela abantu uma befika ngobuningi ngendlela abafika ngayo bayanda abanciphi.

Ukwanda kwabo kusho ukuthi noma ngabe kuhlelweni bafike babengaphezulu kwalelo nani kanti manje umsebenzi weDolobha yiyona ukuthi bayenze indlela yokuthi kusebenzeke kahle khona kungezokusuka umsindo nenxushunxushu. Ngiyamuzwa-ke uBaba uMsomi uma ethi loya mgomo lona akawuboni kahle. Wona muhle Nomndayi ungawuhlaba lapha nalapha ngoba phela kodwa wona muhle unazo izinto eziningi ezisizayo zikhona lezi ongazihlaba nazo engicabanga ukuthi izinto zokuxoxwa kodwa wona muhle futhi-ke nathi sinowethu esiwenzayo ziningana izinto ezixhumene phakathi kwalo mgomo ophethwe ngu Mnyango Wezokuthuthukiswa Komnotho nalo olapha eThekwini ngoba kuyabanjiswa kuyasetshenziswa. Bese kuthi-ke imithetho futhi iyafuneka Mthiya lunga elihloniphekile ukuthi ngeke sithi abantu akube uthela wayeka ngoba kuyaxatshamwa lapha kufuneka kube khona ozobuye akhuze athi cha musa ukungena endaweni yakhe buyela ngala ngoba phela kuyabangwa.

Iyafuneka futhi nento yokugada njengoba kade kukhala uBaba uMacingwane nje uMchunu ukuthi abanye basuke bangene bathi besekuvimbeka izinto zokuhamba ngoba phela kuyancintiswa lapha okuyona into elula. So –ke imithetho yona iyafuneka manje ke ngesikhathi bethi bayakwenza lokho lapha eDolobheni kube khona-ke la

okushayiswana khona. Engifuna ukudlula kukhona mina ukuthi kuningi abakwenzile lapha eThekwini kukhona okwangihlaba umxhwele kakhulu mina okokuthi into ehlupha kakhulu lapha abantu abaningi basuke bethenge ukudla kuyafuneka ukuthi mabeza lapha babebhlanzeka manje-ke uMkhandlu waba nohlelo lokubafundisa ukuhlanzeka kokudla.

Uyabona sike sifike komunye umama edayisa mawufika uqala akukhombise isigqebhezana sakhe athi mina ngingusibanibani wakwabani ngiwunamba bani uma unenkinga yokudla okudlayo uhambe uyobika emkhandlwini ukuthi ubudla kuleli hhovisi lami. Okokuqala nje lokho ukuthi bayaziqhenya ngokwazi ukuthi bahlanzekile basezingeni elimukelekile. Ngikujabulela kakhulu lokho njengento eyenziwe iTheku ngoba ezindaweni eziningi uma sihamba njengoba kade kusho uNomdayi sidla khona la ngaphandle and isikhathi esiningi abantu abadayisa la ngaphandle ukudla kwabo ku fresh umuntu uma nje ekwazi ukuthi ahlanzeke ukudla kwabo ku fresh akukuniki lento okothiwa ngesilungu i food poisoning engafani nakunye ngoba bona abathathi ukudla bakufake efrijini babuye bakudayise ngakusasa. Bakudayisa ku fresh makungabe kungukuthi akupheli kufanele kudliwe kuphele uthole okufresh ngakusasa.

Ngisho ukuthi-ke inkinga yedolobha laphana akunani ukuthi bengenalo uzwelo ukuthi ukuzama ukulungisa lento kuyinkinga. Uyabona nje sihlanganile nalaba okokuqala nje into engiyihlabile nami iyona le yokuthi amaphoyisa abese ebadonsa kwawudluthudluthu nje kwanje kwenzenjani. Sayikhuza-ke lento ukuthi hayi ayingenzeki. Mase sithole siyathola ukuthi kuke kungabikhona ukuxhumana ngoba manje ngoba phakathi kuma officials esikhundleni sokuthi lento iyokhulunywa kahle kubizwe abantu ngesinye isikhathi kuyenzeka uthole ukuthi mabebika bona babike kuthathwe umbiko udluliselwe emaphoyiseni. Amaphoyisa isikhathi esiningi angakwazi ukuthi kukhona into azoyi negotiator afike athi kwephulwa umthetho la bese kusuka uchuku phakathi kwabantu sekujikijelwana kuze kugcine sekwenyuka imimoya ngalendlela okwenzeka ngayo.

Sakungenelela lokho sibambisene nawo uMkhandlu weTheku ngoba amakhansela amaningi ayengazi ukuthi kwenzenjani kuyima esikuma eseyobheka esethi hayi bakhapheni yonke lento eyenzekayo ayifanele. Sakukhuza-ke ukuthi nakho ukuphuca abantu kufanele bakukhawule sizame ukulungisa lezi zinkinga lezi ezikhona noma sibona ukuthi izinto phele abantu babuye bangakhuzeki ngasosonke isikhathi.

Bazibekile izinkinga Nomndayi, le yerent cha bayibekile Baba kodwa into ye-rent ihlukene izigaba ezimbili bakhona abathi le renti inkulu asikwazi ukwenza lutho ngayo kodwa kukhona abanye abayikhokhayo irenti kodwa abayikhokhi kumasipala bayikhokha kwabanye abantu okungabanini bezindawo ezivulekile bese zivulelwa ukuthi abantu badayise bese be-charger bona. Bake bangilinganisela bathi kwenye indawo bake babheka bathi mabebalwa bathi uma bekuthiwa kukhokhwa le mali le e charjwa umasipala bengabe ngonyaka kuqoqwa 1,2million kodwa ngoba ku charjwa lo mnini wendawo imali abagcina beyikhokhile laba bantu u 4,8million. Ngakho-ke ma abantu bekhala nge renti kwesinye isikhathi sisuke singakwazi ukuhlukanisa thina ukuthi enye irenti ayicharjwa umasipala I charjwa abanini bezindawo ezivulekile. Manje umsindo njengoba sikhuluma nje ukuthi yini indaba abantu bakhishwe manje basuselwani.

Ezinye izindawo zidayiselwa ukuthi zizokwakha amahotela nezinto ezithile zazihleli nje zivulekile ngoba sebefuna ukwakha nje sekufuneka bagudluke laba bese bezokhala kuMasipala kanti indawo akuyona ekaMasipala manje uMasipala uyafuna ukubalungisela lezizindawo.

Ngizwile njengalapha okune Central Market bathe babasusile abaningi kodwa mangibuza ukuthi senibabekephi bathi bababekile abangu 2800 kodwa kusekhona enye ingqwaba esasakazekile engakayitholi kahle indawo yokuthi ikwazi ukuhlala. Zonke lezi zinto ngicabanga ukuthi izinto zokukhulunywa lezo bayisho futhi nakunina abaholi ukuthi sinenkinga yama permit hawu amalayisensi awaphumi athi omunye sifuna lamatayitela awaphumi. Ngithi-ke mina amatayitela abanjwe yini Masipala.UMasipala uthi ngabe siwakhiphile amatayitela kufanele sidlule ekomidini elimele abahwebi manje leli komidi kukhona into eliyibambezele la ngoba nalo liba nazo izinkingana zalo lapha nalaphaya bese izinto zingahambi ngokushesha. Sasesithi abazame ukukusheshisa lokho abantu baqhubeke bayithole into yabo yokuthi bakwazi ukuthi baqhubeke ne bhizinisi ngoba inkinga enkulu eyokuthi uma ungayiphethe futhi ilayisensi noma ipermit inkinga futhi uma amaphoyisa ekubuza ukuthi wala kanjani bese uthi ngisayilindile bese bethi hayi suthi awuvumelekile.Yileyonto-ke ebeisithi abayisheshise ukuze ilunge.

Okunye ebebekade bekhala ngakho ukuthi izimali azitholakali ngendlela.Ngiyakuvuma futhi lokho iyona-ke lento eyenze sizesithi le Ndlu ayikhiphe izimali izifake lapha koThala kodwa-ke ngeke sizikhiphe sithi siyobanika emgwaqeni ngazi kahle ukuthi umama ilingu elihlonophekileyo uDowns ebekubeka kanjani, kodwa kufuna thina sikwazi ukusebenzisa

imithetho ixege nangala eThala ukuthi bangaxakeki uma beya kofuna lezo mali abazoziboleka.

Le yamaphoyisa cha sayikhuza yona ukuthi hayi asithandi ukubona amaphoyisa uthole umuntu esedonswe ihembe selize ladabuka kuvele nasezithombeni yonke lento ukuthi asikwazi ukuthi kube njalo kodwa kwase kuthiwa kuzoba nekomidi likhona ikomidi eliholwa uKhansela Logi Naidoo nabo Faso Majola kanjalo ukuthi bahambe bayokhuza uma kukhona izinto kutshelwe bona ngoba ibona iwona amakhansela aseduzane. Bakusho nabo ukuthi bacela ukuthi umangabe siyalapha siqale ngabo sikhuluma nabo singaqali ngalaba basemkhandlwini. Nokho-ke lokho ngiyakuzwa lokho kodwa-ke into engayibona lapha ukuthi akuthenjewe kakhulu.

Uma usulalela abakutsheli izinto ngempela ongazizwanga ngoMkhandlu kodwa bayafuna ukuthi kuzwakale ngoba sebekhathazeke kakhulu ukuthi nabo banakiwe balalelwe yingakho ngathi asibuyele khona siyokhuluma nabo.

Ngamanye amazwi-ke zonke lezi zikhalo ezinye ozibekayo yizikhalo futhi esesike sazizwa ukuthi zikhalo ezibahluphayo. Ngingabeka ngokuthi siphezu kwalo lolu daba sizama izindlela zokuthi kuze kuxege ngoba bakhona amarenti abasinda kakhulu okufanele ukuthi uma sesibonile ukuthi singabasiza kanjani basizeke basizakale kodwa futhi kuba khona nezinkinga zobugebengu uthole ukuthi ke manje makukhona ubugebengu amaphoyisa esefika kufanele-ke kwazeke ukuthi bazobambisana nawo amaphoyisa ukuze kugudlulwe izigebengu.

Omunye wathi kimina wena ubona Mkhize siya franta thina simala phambi kwesitolo sithathe izimpahla esitolo sizithengise la ngaphambili. So sifuna sibabheke nalaba ababhale incwadi athi engumnini wesitolo ethi ngifuna usibanibani azodayisa la ucabange ukuthi usidayisa ngempela kanti usebenzela yena lo ongaphakathi ikhanda lakhe nje leli elisetshenziswayo. Ziningi-ke lezi zingxaki ezikhona mina ebengingakucela Somlomo okokuthi ngoba siyavumelana ngale nkinga ukuthi sibambisaneni singayenzi kakhulu kube ngathi into yepolitiki kangako kodwa kube into yokuthi asambeni siyoyilungisa sonke ngoba iTheku lizama ukufaka izimali manje ukwakha lento abathi i-African Bazaar ukuze kube nendawo evulelekile la abantu bezokwazi ukuthi bakwazi ukuhwebela khona futhi njengamanje nje njengoba kuza no 2010 siyabachazela ukuthi kunomthetho ka Fifa kodwa futhi sizama ukuvula ngoba kukhona into eyabekwa ukuthi

kufanele kube khona indawana ukuthi osomabhizinisi abancane bazuze ukuthi nakho lokho kungabahluphi.

Njengoba kulungiswa kwakhiwa kwakhiwa kwakhelwa u 2010 sithemba ukuthi nabagudlukile okwesikhashana bazobekwa endaweni yokuthi bakwazi ukusebenza kodwa ekugcineni kufuneka sikwazi ukufaka imali ukuthi kube imakethe enkulu ejabulisa wonke umuntu. Imali nje yemithi uma besho icishe isondele ku 1 billion ngonyaka imali esetshenzwa laphaya.Imakethe okungafanele uyithathe kancane kodwa bayakhala futhi ukuthi uzwe ukuthi nama ablusion facilities izindawo zokuya ngaphandle azikho kahle bayanetha konakala imithi yabo izindawo zokulala zonke lezo zinto ezifuna sizisebenze sonke ngokubambisana singathi sizosizakala kakhulu ngakho ukuhlupheka kwabo.Ngiyabonga kakhulu ukuthi ulibeke lolu daba ngoba lona luyakhathaza akulona udaba olulula kakhulu. Siyabonga.

**THE SPEAKER:** Siyabonga kuNgqongqoshe obambe isikhundla sobuNdunankulu. Eh Baba uNomndayi uwena osuse lolu chuku ake uluvale-ke manje.

**MR B J MSOMI (UDM):** Somlomo, angibonge kwiNdlu yakho ngibonge futhi indlela le nkulumo-mpikiswano ehambe ngayo bengingalindele nami ukuthi izoshisa kangaka.

Ngibonga kakhulu bonke ababambe iqhaza kule nkulumo-mpikiswano noma ngingeke ngababala ngamagama kodwa okucacayo kunjengoba umhlonishwa uDokotela uMkhize ebekile ukuthi cishe sonke siyavumelana ngokuthi ikhona inkinga futhi kukhona ubuhle obukhona.

Ngibonga kakhulu noNgqongqoshe uMkhize la ethi khona I policy ekhona kukhona okuhle kukhona nami Somlomo, angizange ngiyichithe yonke i-policy kodwa ngibalile ezinye zezinto engithi ziyaxoxisa. Cha uJohn uphike konke angifuni ukukhuluma ngo John. UJohn udifende yonke into kwaba into enhle nje angikhulumi-ke ngaye.Ngithi-ke ngibonge ubuholi buka Ngqongqoshe uMkhize njengoba naku motion yami le esuse le nkulumo-mpikiswano ngangibonga khona ukuzimisela kwakhe ukuthi azihambele mathupha ayozitholela amaqiniso, khona ngase ngichaza futhi ekuhambeni kwakhe bakhona labo abafaka unyawo lwemfene uhambo lwakhe lungabe lusaba ulolu asuke eluqondile.

Somlomo kulabo abake bahamba mhlampe baba nenhlanhla sahamba nabo saya

ngapha e-East saya e-Vietnam nase Cambodia.

Ngifisa mhlampe ukulekelela u-Dkt uGcwabe ukuthi laphayana abalindi amabhenki amakhulu anjengoThala azosiza abantu abafana nalaba, uthola ikhona nekhona lomgwaqo kune Society ekhona ekwazi ukutshela abantu. Kuqala ko- R100 emalana encane-nje ukuthi umuntu akwazi ukothatha i- stock sakhe adayise ayibuyise. Okungafani nala ezoyahamba khona aye ebhenki afuneke ama-guarantees afuneke zonke izinto ngoba into eyenzakalayo laphaya emgwaqeni umuntu uyadayisa namhlanje bese kuvela inkinga ekhaya kufuneka agoduke aye ekhaya mhlampe kushoniwe, mhlampe uyashadisa ekhaya uyabuya akanayo imali yesistokwe. Akafuni imali enkulu mhlawumpe ufuna R500- nje, makuthiwa inkulu futhi naleyo mali kwabanye akwazi ukuthola lo R500 mhlawumpe uma esedayisile akwazi ukubuyisa futhi.

Isikimu abanaso-ke laphana umuntu uqala ngemali encane uma eyibuyisile uthola njalo ukuthi uyagredeka athole enkudlwana ngakusasa, uma kade ku R50 uma ewubuyisile uya ku R100 uya ku R150. Ukuyibuyisa ukukhokha kwabo satshelwa ukuthi i- Vietnam is 99% izinga lokubuyisa imali beyikhokha ngoba umuntu uku-society ekugcineni i- society eba i- guarantor kuthi uma engakhokhanga oyilunga lethu, njengoba ngiyazi laphaya eThekwini kuno- DI noma TOK noma ITMD kube ibona abathatha Isiqiniseko sokuthi uma ilunga lethu liba nenking thina njenge society noma njengeclub noma usoseshini akuyona sizoyibuyisa leyomali bese ebhekana nathi thina.

Ngibona lokhu okwamabhenki engathi kunzima kakhulu for kulaba bantu abalaphayana, mhlampe ukulekelela uMrs Downs ake wakhuluma ngalento uMhlonishwa ukuthi sikhuluma ngama SMMEs okungagcina mhlampe kuba inkinga kubona, ngoba uma befuna imali abafuni imali abazoyi aplayela athi azoyithola ngalela langa.

**THE SPEAKER:** NoMndayi sekwalile- ke. Sekhona osefuna manje ukuthi sizwe ukuthi i-point of order yakhe iyini. Lunga elihloniphekile uMthiya.

**MR E S MBATHA:** Mhlonishwa Somlomo, ngizama ukubheka laphana ukuthi, kungathi kukhulunywa indaba enzima zezwe kube kubakhona indoda nje ejule kakhulu ngemicabango.(Uhleko) Ize ilala ibheke phezulu impela ukuthi kuvumelekile ngokomthetho waleNdlu.

**THE SPEAKER:** Awu cha! Angiyibonanga bakwethu ake ningisize nawe awubheke

umakhelwane wakho. Kungabibikho ojula kakhulu. NoMndayi awuqhubeke uqedele Baba.

**MR B J MSOMI (UDM):** Ngiyafisa futhi mhlawumpe Somlomo ukunika uDr uMkhize isiqiniseko sokuthi...(Interruptions)

**THE SPEAKER:** Sengathi kukhona enye inkinga futhi.

**MR J S VILANE (ANC):** Somlomo, inkinga yadalwa uwe, wathi asijule ngegxoxo mzansi ingakho-ke kunje.

**THE SPEAKER:** NoMndayi, sengathi uzogcina ungayiqendile le ndaba. Animdedeleni ayiqende bakwethu.

**MR B J MSOMI (UDM):** Ngiyabonga Somlomo, ngicela ukuvikelwa. Cha! Somlomo ngithi Ngiyafisa Isiqiniseko kuDr uGcwabe ukuthi akukho politiki ekhona la. Kungaba ihlazo uma ethi umuntu kuyapolitikwa ngoba sikhuluma ngempilo ethinta abantu bakithi. Sikhuluma ngento ethinta abantu abazama ukuziphilisa, ukuthi asitholeni ikhambi.

Ngiyajabula- ke Somlomo namhlanje ngoba lolu daba silihathile salibeka kuleli zinga, noDkt uMkhize ekhona ebekungenzeka angabikhona. Wazizwela ngiyakholwa ukuthi kusukela namhlanje lesimo esikhala ngaso nesimo abakhala ngaso abadayisi sizowubona umehluko ubakhona ngoba ngempela njengoba eshilo ukuthi mningi kabi umnotho owenzakalayo ngalabantu abadayisayo abadayisa emgwaqeni nabazimele- nje mhlampe engingathi ilaba abadayisa ko-Flea Market noma khona emgwaqeni.

Ngibonge kakhulu ngalawo magama Somlomo ukuthi, ngibonga kakhulu nama –input eyenziwa ozakwethu engikholwa ukuthi azomlekelela uGcwabe azolilekela iTheku kanye namanye futhi amadolobha ngoba kodwa amaningi amadolobha abukela iThekwini ukuthi kwenzakalani. Ngibonga kakhulu.

**THE SPEAKER:** Siyabonga-ke Hon,Mr Msomi. Just 1 announcement please.Ilungu elihloniphekileyo la uBaba uGcabashe useriphothe ukuthi kukhona okumlahlekele okuthintene nezibuko okuluhlaza. Eh engathi akaboni impela nje bakwethu anamsezeni animsizeni.Ngithi izibuko uqobo lwazo hon Member.

**MR S J GCABASHE (ANC):** Iqiniso Somlomo ngilakehlelwe impela iwona amehlo ami

lana engawanikwa udokotela.

**THE SPEAKER:** Awu animusezeni khona amehlo awanikezwa udokotela adinga ukuthi abuyele kuyena. Uma uhlangana namehlo ungawazi kahle awubonane noBaba uGcabashe. Eh hon Mcoyi.

**MR S W MCOYI:** I wonder whether it was maybe suspected, hon Speaker, that only the Zulu speaking people who might be having it ngoba since it is he is talking in zulu ethi ulahlekelwe amehlo akhe. Nazi zivela kubelungu.[ Uhleko]

**THE SPEAKER:** The next item on our Order Paper is item number 8.4, the First Reading, Authorisation of Unauthorised Expenditure Bill, by the MEC for Finance and Economic Development. Hon Acting Premier, MEC for Economic Development? Munikezeni namamzi uNgqongqoshe yazi sengiyamudabukela

**DR Z L MKHIZE (MEC for Finance and Economic Development):** Thank you very much, hon Speaker.

The purpose of the Unauthorised Expenditure Authorisation Bill is to enable the Provincial Legislature to authorise expenditure recorded as unauthorised in the provincial accounts. This Bill deals with unauthorised expenditure dating back to the 1991/1993 financial year. With the exception of a few, most of these over-expenditures have been dealt with by the KwaZulu-Natal Standing Committee on Public Accounts and specific resolutions are indicated in the explanatory memorandum. These unauthorised expenditures amount to R2.9 billion. Also included in this amount is the expenditure recorded as unauthorised in the provincial accounts but was not reported by the Auditor-General and was therefore not referred to the Standing Committee on Public Accounts (SCOPA).

Although the details of this Bill are contained in the accompanying explanatory memorandum, I think it would be useful to members to provide a brief summary of the main unauthorised expenditures that were incurred by specific departments.

#### **1992/1993 financial year**

An amount of R18 000 incurred by the former House of Delegates, Education, in respect of expenditure on Board members' allowances, still appears on the provincial accounts.

---

This matter was to be dealt with by the National Committee on Public Accounts, but no finalisation has been forthcoming. Due to the age of this amount, it is included in this Bill so that it can be cleared from our accounts.

### **1994/1995 financial year**

An amount of R699 000 is recorded against five provincial departments ranging from R8 000 against Provincial Treasury to R289 000 in Education. Also in the same financial year an unauthorised expenditure of R5.6 million in respect of the payment made to the self protecting units, was recorded. The original amount was R6.66 million but R1 million was recovered from the provincial banker at the time. This matter has been extensively investigated over the last approximately ten years and, as per SCOPA Resolution 89 of 2005, the action taken and the investigations carried out was adequate and that investigating this matter further would not provide any new information.

### **1997/1998 financial year**

Members may recall that the province experienced cash-flow problems during 1997/1998 and as a result the PAYE pay-over to the Receiver of Revenue (now SARS) was delayed. Whilst all penalties were waived, the province was charged with the penalty interest of R18.733 million which was recorded as unauthorised expenditure against Provincial Treasury's Vote.

### **1999/2000 financial year**

The total unauthorised expenditure of four departments amounted to R100.696 million of which the following were the main contributors:

#### ***Vote 13: Social Welfare and Population Development***

Overexpenditure of R90.351 million was recorded as a result of the increase in the number of social grant beneficiaries.

#### ***Vote 14: Works***

Expenditure exceeded the amount voted by R6.735 million due to unanticipated arrear Telkom telephone accounts and maintenance of education facilities being higher than provided for.

---

**2000/2001 financial year**

The aggregated over-expenditure for the province amounted to R2.753 million in three departments. The highest unauthorised expenditure was therefore recorded in Vote 5: Education who overspent its budget for subsidies transferred to private schools by R1.8 million.

**2001/2002 financial year**

In this year, five departments recorded unauthorised expenditure amounting to R183 550 million and the following are also highlighted:

***Vote 8: Housing***

The actual expenditure exceeded the amount voted on three main divisions of the Vote totalling R6.196 million. The over-expenditure on the main divisions was mainly due to the incorrect allocation of personnel expenditure across the main divisions, which was subsequently corrected in the 2002/2003 financial year.

***Vote 12: Transport***

The department overspent on three of its programmes, amounting to R15.284 million due to the adverse Rand/dollar exchange rate, extension of the Taxi Commission appointed by the Provincial Cabinet and expansion of the radio communication network for the Road Traffic Inspectorate.

***Vote 13: Social Welfare and Population Development***

The actual expenditure exceeded the amount voted by R161.554 million due to the increasing take-up rate of the social grants.

**2002/2003 financial year**

Three departments recorded unauthorised expenditure totalling R352.5 million, namely:

***Vote 7: Health***

The actual expenditure exceeded the amount voted for four programmes by R174.508 million. The overexpenditure was mainly due to the increased demand for health

---

services, unfavourable exchange rate affecting the cost of medicines and medical equipment and an increase in the student nurse intake at the training college to combat the high attrition rate in the profession.

***Vote 12: Transport***

The department recorded over-expenditure of R30.830 million as a result of the write-off of amounts owing to the department by the National Department of Transport in respect of work undertaken on an agency basis. These amounts could not be claimed back due to insufficient source documentation as a result of poor accounting controls.

***Vote 13: Social Welfare and Population Development***

The department recorded over-expenditure at programme level of R174.196 million mainly due to the increase in the number of social security beneficiaries.

**2003/2004 financial year**

The aggregated unauthorised expenditure of five departments amounted to R816.9 million, being mainly in respect of:-

***Vote 5: Education***

The unauthorised expenditure of R102.408 million was mainly due to overexpenditure as a result of restructuring of the department and spending pressures on compensation of employees, specifically the educators.

***Vote 8: Housing***

Unauthorised expenditure of R14.395 million of which R5.581 million relates to overexpenditure on programmes 1 and 2 due to the appointment of a Commission of Enquiry as well as additional office accommodation required for the Pietermaritzburg regional offices. The balance of R8.317 million relates to over-expenditure in the Housing Fund.

***Vote 13: Social Welfare and Population Development***

---

The department overspent in respect of programme 2 due to the significant increase in the number of social security beneficiaries. The over-expenditure for the 2003/2004 financial year amounted to R693 million.

### **2004/2005 financial year**

The aggregated unauthorised expenditure for 2004/2005 amounted to R899.895 million with the bulk of this relating to the over-expenditure on the social grants programme within Vote 13: Social Welfare and Population Development. The over-expenditure on this programme had grown to R782.119 million in 2004/2005. Other significant over-expenditure was incurred by:

#### ***Vote 5: Education***

R12.343 million was largely related to the spending pressures on compensation of employees.

#### ***Vote 7: Health***

The department overspent its allocation on most of its programmes, resulting in unauthorised expenditure of R92 million. The over-expenditure was mainly due to an increasing demand for health services and the impact of cross border patients from Mozambique, Swaziland and Eastern Cape.

#### ***Vote 8: Housing***

The budget of two programmes was exceeded, resulting in unauthorised expenditure of R12.289 million. The over-expenditure was mainly due to the increasing demand for housing delivery in the province which required the department to reprioritise some projects which ultimately led to the marginal overspending.

### **2005/2006 financial year**

The unauthorised expenditure for 2005/2006 amounted to R591.744 million of which Education, Health and Housing were the main contributors.

#### ***Vote 5: Education***

---

The department recorded unauthorised expenditure of R346.888 million. The over-expenditure was due to increasing enrolment numbers at primary schools, provision of Learner Teacher Support Material for implementation of the National Curriculum Statement for Grades 7 and 10, training of cooperatives as well as spending pressure on compensation of employees.

***Vote 7: Health***

The unauthorised expenditure of R232.061 million relates to the overexpenditure on two of its programmes and is attributed to the increased demand for District Health Services and the development of Tertiary Services in the province.

***Vote 8: Housing***

The actual expenditure on programme 3 exceeded the voted amount by R12.176 million due to a greater number of project launches and more projects than anticipated being finalised during the financial year.

**CONCLUSION**

In conclusion, Mr Speaker, hon members of the House, I wish to say that this Bill will, if passed, have dealt with a longstanding audit query by the Auditor-General in respect of the non-clearing of the unauthorised expenditure accounts within the various departments.

Hon members will have noticed that the bulk of the unauthorised expenditure relates to the over-expenditure on the social security grants programme. In fact, R1.875 billion of the R2.974 billion for consideration relates to the social grants payments. This is indeed an indication of the financial impact this function has had on the provincial fiscus over the years.

Lastly, I would therefore like to urge all departments to tighten up on the financial administration to prevent future unauthorised expenditure within their votes, both in terms of overexpenditure on programmes within their vote, as well as fruitless and wasteful expenditure and expenditure incurred without following the correct procurement procedures.

It is now my privilege to formally table the KwaZulu-Natal Unauthorised Expenditure Authorisation Bill, 2007 for consideration by this House, together with all the attachments. I look forward to the debate on this Bill. I thank you.

**THE SPEAKER:** Thank you very much, hon MEC for tabling this Bill together with all its documentation. This Bill is also another tool of appropriating some of our funds for the purposes of dealing with unauthorised expenditure. I will therefore refer it together with all documentation to the Finance Portfolio Committee, for that committee to deal with it and report back to this House. I expect however that the Finance Portfolio Committee will also make use of its authority to deal with any other committee on these matters so that the report which comes back to the House is fully informed. I so then refer this Bill. Well I do anticipate that there will be co-operation and the one other interesting matter is when we have to differentiate between the Finance Portfolio Committee and SCOPA you have to just dig and dig and dig...so please hon members I have a full understanding of where the issues are. Just deal with the matters under the auspices of the Finance Portfolio Committee. Thank you, ok.

The next item on our order paper is item number 8.5 and that is the debate on the KZN traditional Leadership and Governance Amendment Bill. I hope I'm not going to be compromised at this time. Hon Chief Whip.

**MR V C XABA (Chief Whip of the Legislature):** Thank you very much I can not see the Chairperson of the Local Government and Traditional Affairs Portfolio Committee. Mr Burrows says he's given up already. Mr Chairman if he was in the House the Chair was going to report on what happened this morning. But all that I can tell you, Mr Speaker is that we do not have a report given that state of affairs I would ask you to give a ruling in terms of Section 93 C which reads as follows: "Every motion requires notice except the motion for the discharged of an Order of the Day" . In that case I would appeal to you Mr Speaker to discharge this item so that we can deal with it (not necessarily next year) at some other time Mr Speaker and the Whips would look and then decide, I will then decide after consulting them when we then have it on the Order Paper again. Thank you very much, Mr Speaker.

**THE SPEAKER:** Hon members, yes I will give a ruling but it is also good to just have a feel that I have the understanding of the Chief Whip of the Opposition and other Chief

Whips and party representatives. Hon Mr Combrinck.

**MR H L COMBRINCK (Chief Whip of the Official Opposition):** Hon Speaker because of the failure of the Committee to meet this morning, they did not have a quorum and they could not sort out that Bill, we support that it be moved off the order paper for today.

**THE SPEAKER:** Thank you. Hon Mr Keys.

**HON MR R KEYS (DA Whip):** We support that position Mr Speaker.

**THE SPEAKER:** Thank you. *Hon uSolwazi uMaphalala neNkosi yaseMathulini oyedwa phakathi kwabo ukhona ozosho yimina engingazi. Ngeke ngibakhulumele ngizothi nje iNADECO. Esikufunayo nje ukuthi lolu daba lususwe kwi order paper lubekwe kwezayo i-order paper ngoba nail ikomidi alikwazanga ukuhlangana. Yilokho nje kuphela esikufunayo Solwazi.*

**PROF J S MAPHALALA (NADECO):** *Kunjalo iNADECO iyakuvuma lokho.*

**THE SPEAKER:** *Siyabonga Solwazi.* Hon Member Mrs Downs.

**HON MRS J DOWNS (ACDP):** We support, Mr Speaker.

**THE SPEAKER:** Hon Member Mr Msomi.

**HON MR B J MSOMI (UDM):** I agree, Mr Speaker.

**THE SPEAKER:** With that understanding and agreement by everybody in this House, that matter then stands down until the Chief Whip has found, after consultation with other Whips and Party Representatives, space for it to be debated at one of the next sittings. Hon members if that is the case, I then find it difficult not to adjourn this sitting but before I do so, the first thing that I need to deal with is to make the following report. We have received a letter from the Limpopo Legislature. [Interjections]

Hon members, can you listen to the report before you rush to conclusions. The report is to the Speaker of the Legislature of KwaZulu-Natal and it is from the Office of the Speaker, Limpopo Legislature.

It says:

---

Dear Mr Mchunu, re Photo Album - CPA Social Gathering. The Office of the Speaker, Dr T S Farisani, acknowledges with appreciation a photo album of pictures taken during the CPA Social Gathering in Durban during October 2007. Congratulations for being the first legislature to host such an event and successfully so. Hoping other legislatures will learn from you. Please pass our sincere gratitude to the Deputy Speaker, the Chief Whip, your hon members and your staff for the warm welcome and hospitality we received throughout the visit.

We wish you all a merry Christmas and a very blessed New Year. Dr T S Farisani, the Speaker, Limpopo Legislature.

It is important, hon members, that we read such letters to you because they are addressed to you, but it is also for us serving as an encouragement to you as members, that when we have visitors from other provinces or other countries and we invite you to be part of those proceedings, please be with us, please, it is very important. It was very embarrassing for me to open that CPA gathering and to address lots of people from Swaziland, lots of members and staff from Gauteng, lots of members and staff from Limpopo, a few from Free State, and a very few from KwaZulu-Natal and we are part of the CPA. Therefore I think when we have these events, please take them very seriously and let us by all means be part of that because they reflect either good or badly on this legislature.

May I further take this opportunity to report that I did receive an SMS from the Secretary when she was attending a SALSA meeting. SALSA is the South African Legislatures Secretaries Association, it is an association of Secretaries of the Legislatures of South Africa, Legislatures including Parliament which is the National Assembly and the NCOP. Now, in the SMS the Secretary was informing me that on the project of video conferencing that is paid for by the EU funds, all legislatures have now been tested for completion. We are the first legislature to have been tested – I nearly said “positively”, but I may also say so. [Laughter] We were tested and found to be the first legislature to be correct and complete in everything and therefore I think it is also quite a milestone that some of our staff have pulled their weight, have tried by all means to ensure that we are ready in terms of the Rules, we are ready in terms of cabling and the setting up of everything.

---

I did write back to the Secretary saying on behalf of the Legislature as a whole we want to thank our administration but in particular those members of staff who have been dealing with this matter and that is IT staff members. I need to report that as well on your behalf because it is also one of the main things that happen when we become the first legislature to be approved with everything it means we are doing some of our work correctly. We may have our own weaknesses but certainly in some areas we are strong. That is another report that I needed to make.

I need to make the next announcement:

Whips Forum members are kindly reminded of a Whips Forum meeting to take place as follows: Date: Wednesday, 28 November 2007; Time: 10:00; Venue: ANC Caucus Room. And it then says, "I thank you".

Hon members, we therefore now adjourn our sitting until tomorrow at 14:00. May we then meet at 14:00.

**THE SPEAKER:** Just a second. Hon Acting Premier, I hope you have no announcements. I just rushed into this item.

**DR Z L MKHIZE (Acting Premier):** No announcements.

**THE SPEAKER:** No announcement? I am sorry to mess you up, but I needed to give you the practice.

[House adjourned at 3:40.]